



September 2017, Volume 20, Number 3

SEBENZISANA NEMVELO



Ibhalwe ngu: Nqobile Nxumalo kanye noSindi Nzama

UKHULA/IZINAMBUZANE EZIYINGOZI

Ukusebenzisa izindlela zemvelo ukunqanda ukhula nezinambuzane eziyingozi ezitshalweni ukwenza ngokufaka isitha salolo khula noma sesinambuzane. Imvamisa lolu hlobo lokuvikela lusetshenziswa kakhulu ekunqandeni ukubhebhetheka kwesihlava, amaqhwagi kanye nokhula olungelokufika eNingizimu Afrika. Lena yindlela ebiza kancane kodwa ayivamile ukusetshenziswa ngoba kuthatha isikhathi eside ukuthi kubonakale imiphumela.

Kubalulekile siqonde ukuthi akuzona nanoma iziphi izinambuzane ongazisebenzisa, kumele kube nocwaningo olwenziwayo ukuhlola ubungozi obungase budaleke kwimvelo. Lezi zinambuzane ezisetshenziswayo zilandwa lapho kudabuka khona lolo khula noma isinambuzane.

Ezithombeni eziseceleni zikhombisa izinambuzane ezingasetshenziswa ukubulala ukhula/ isihlava.



Usandanezwe



uDalindlala



Pereskia



Water hyacinth



Water lettuce



Kariba weed



Isihlava

IZINAMBUZANE EZINGADLA UKHULA/ISIHLAVA



Dichrorampha odorata



Listronotus setosipennis



Smicronyx lutulentus



Phenrica guerini




Catorhintha schaffneri



Neochetina bruchi & eichhorniae



Cornops aquaticum



Neohydronomous affinis



Cyrtobagous salviniae



Trichogramma spp.

OKUQUKETHWE



Ukukhiqiza umoba:- Ziningi izinto ezingaholela ekuphumeleleni kwakho ekulimeni.



Ukutshala nokhula:- ngabe utshale ukhula noma umoba emasimini?



Umanyolo:- Ufakwa kanjani nini umanyolo ngaphezulu?

Ukukhiqizwa komoba

Ibhalwe ngu: Patrick Ngcobo kanye no-William Gillespie



Ukukhiqiza umoba kuyibhizinisi umlimi angaziphilisa ngalo. Uma umoba wakho uwutshale wawunakekela kahle, ngokulandela izeluleko zabeluleki kukunika inzuzo ephezulu.

Ukulungiselela ukukhiqiza umoba

1. *Ukubaluleka kokwazi uhlobo lomhlabathi kanye nokuwuhlola*
2. *Ukuthola imbewu*
3. *Ukwenza uhlahllo malij kanye nokuqinisekisa ukutholakala kwezinsiza kusebenza*
4. *Ukulima kanye nokufaka umanyolo*

(ulwazi olithe xaxa ungaluthola kwNgdede eyedlule kaMeyi 2017, Volume 20, Number 2):



Izithombo zomoba

Kungalezi zizathu-ke lapho umlimi kumele azibuze umbuzo wokuthi ulimela ukubamba indawo nomafuna ukwenza inzuzo ngomoba awutshalile. Umoba kumele ukhuliswe ngendlela ezokwenza inzuzo ukuze umlimi ezosimama ngakwezomnotho. Uma kakhula isivuno kuphinde kukhule nendawo etshalwe umoba ngokuhamba kwasikhathi, lokho kuzokwenza umlimi asimame ngakwezomnotho okuzodala ukuthi akwazi ukulwa nendlala. Ukuze umlimi akwazi ukwakha lo mcebo, kumele athole ulwazi. Lolu lwazi alutholile kumele alusebenzise ngokusebenza ngokuzikhandla aphinde abekezele ngoba ukubezelala kuzala impumelelo. Umlimi kumele abekezele ezikhathini ezinhle kanye nasezikhathini ezimbi.



Imbewu ehloliwe

Uma uhlobo lomoba oluzotshalwa selukhethiwe, isinqumo esilandelayo esokuthi imbewu izotholakala kuphi. Kunezinhlobo zembewu yomoba ezigunyaziwe ukuthi zitshalwe: imbewu ehlolwe abeZifo neziNambuzane zomoba (LPD&VCC), izithombo kanye nembewu ephekiwe. Amanani alezi zimbewu ayejhlu. Ebiza kakhulu kunezinye yileyo ephekiwe kuze izithombo bese kugcina ehlolwe abethimba leZifo neziNambuzane ezhlasela umoba. Izindleko zembewu zingatholakala kuMphathi wethimba leZifo neziNambuzane ezhlasela umoba ngokuhluka kwezindawo.



Imbewu ephekiwe

Ukutshalwa komoba:

Ibhalwe ngu: Patrick Ngcobo kanye no-William Gillespie



Lesi yisigaba esibalulekile ekukhiqizweni komoba ngoba siqinisekisa ukuthi umoba wakho uzhohlala isikhathi esingakanani ngaphambi kokuthi utshalwe kabusha.

Indlela yokutshala egunyaziwe abesikhungo sezoCwaningo ngoMoba ukuthi ukujula kwemisele edatshuliwe kumele kube phakathi kuka-10 kuya ku-30 wamasantimtha. Uma umlimi eqa, lokho kuzodala ukuthi umoba wakhe ungaqhumu emhlabathini noma uthathe isikhathi eside ukuqhuma ngoba usendaweni ejule kakhulu. Uma umlimi etshala umoba kumalayini angaphansi kwe-10 lamasentimtha, lokho kunciphisa impilo yamahlumela azolandela, kuba lula ukuthi izimpande zilahleke ngesikhathi kuhlahlwa kuphinde kukhulise izindleko zokuvala izikhala eziyulekile kuleyo nsimu. Kungalezi zizathu lapho umlimi kumele aqikelele ukuthi uvula amalayini ngendlela egunyaziwe.



Ukubulawa kokhula:

Ukungalubulali ukhula kwehlisa isivuno nenzozo ezotholakala. Indlela ebalulekile yokubulala kahle ukhula ukuthi umlimi athole ulwazi noqequeso kumeluleki wezolimo oseduzane naye. Uma ungeke ukwazi ukuthenga izibulala-khula ngokomthamo owudingayo, bheka ukuthi ngeke yini nikwazi ukuthenga niyiqembu/umphilandawonye. Kunezindlela ezimbili zokufaka izibulala-khula, ukusebenzisa isigubhu sikaphoyizeni noma usebenzise ithangi elithwalwa ugandaganda. Ukusebenzisa ithangi kuncike ekutheni indawo otshale kuyo itsheke kangakanani, uma itsheke kakhulu, awulisebenzisi kepha usebenzisa isigubhu.

Okubaluleke kakhulu uma umlimi ezobulala ukhula ukuthi azithengele esakhe isigubhu sokufutha uphoyizeni aphinde asigcine sihlanzekile futhi sisebenza kahle ngaso sonke isikhathi. Isikhathi esikahle sokunqanda ukhula yilapho lungakaveli emhlabathini. Isikhathi sokugcina sokusebenzisa izibulala-khula yilapho ubabe selunamaqabunga amathathu. Uma ugejwe yilezi zikhathi, isivuno sakho sizokwehla ngoba umoba uncintisana nokhula emasimini. Ukuhlakula ngegeja ungakwenza uma kunokhula olungafanga ngesikhathi ufutha izibulala-khula



Ukufakwa kukamanyolo wangaphezulu:

Ibhalwe ngu: Patrick Ngcobo kanye no-William Gillespie


Ngaphambi kokuthi ufake umanyolo kumele uqale ulwe nokhula ngoba luncintisana nesitshalo ngomanyolo osemhlabathini. Umnyolo ufa kwa ngokwezincomo ezitholwe kwabakwa-FAS (Fertiliser Advisory Service). Ukufakwa kukamanyolo kwensiwa uma umoba ungakeqi ngale kwedolo (kungakadluli izinyanga ezintathu). Kuba kuhle kakhulu ukufaka umanyolo uma iqabunga lomoba lesithathu selivulekile. Lokhu kukturshela ukuthi umoba uyakhula ngakho udinga imisoco ukuze ukhule kahle. Ungalinge wenze iphutha lokuthi ufa umanyolo omncane kusalowo odingekayo ngoba lokho kunciphisa isivuno bese



kwehla inzuso. Uma ufa umanyolo ongaphezulu kwesikali esinconyiwe, usuke umosha imali futhi wandise ubumuncu emhlabathini. Lobu bumuncu buvimbela umoba ukuthi ukhule kahle bese kwehla isivuno kanye nenzuso.

Ziningi izindlela ezikhona zokufaka umanyolo, ukusebeniza isigubhu esithwalwa emuhlani, ukusebeniza ithini nentambo kanye nokusebeniza isigubhu esithwalwa ugandaganda. Kukuwe mlimi ukuthi ukhethi indlela ezohambelana nensimu yakho uma uzofaka umanyolo.

Uma utshale endaweni eyihlabathi kumele umanyolo



uwuhluhanise ungawufaki ngesikhathi esisodwa, uma unobumba oluningi ungawufaka wonke kanyekanye kodwa lokho kuncike kwizincomo ozitholile.

Konke lokhu okubaluliwe kuyizindlela ezinconywayo zokusebenza kepha umlimi nguye onamandla okuthi ziyanze ka noma azenzeki ngokuthi asondelane namasimu akhe ngaso sonke isikhathi. KwiNgede elandelayo sizoqhubeka nokunichazela ngokukhiqizwa komoba. Kunesisho sesilungu esithi "**"umanyolo ofanele isitshalo, izigi zomlimi ehamba emasimini"**" ngoba ubona konke okwenzakalayo.



AMASU ASEMOKA

Ibhalwe: Abeluleki bakwa-SASRI

Ziningi izinto ezingenzeka emasimini ezingehlisa isivuno kodwa isinandi singesinye sezitha ezinkulu ezindaweni okutshale kuzo umoba. Uma lobutshani obenabayo buyekwa bukhule bungasuswa bungenza kumele usheshe utshale kabusha ngokuthi buxine umoba. Kumele bubulawe buseyincosana bungaze bungene bugcwale yonke insimu. Kuyaye kunconwe ukuthi umlimi afuthe i-glyphosate noma eminye imithi ebulala ukhula isikhathi eside ukubalala lotshani. Abalimi kumele bathinte abeluleki abaseduze nabo ukuze benze izinqumo ngendlela okumele bayisebenzise uma bebulala ukhula emasimini.

NgoMandulo (September)




- Ukungakhuli kahle komoba akusho ukuthi nokhula alukhulanga kahle, kodwa kungenzeka ukuthi luhule ngamandla ngoba umoba awumbozanga. Futha izibulalakhula ezisebenza isikhathi eside uma ngabe umhlabathu usunomswakama owanele. Ukuze isitshalo sangonyaka ozayo sivelele ukhula kumele lubulawe lonke noma kunzima. Qinisekisa ukuthi unabasebenzi abanele abazokwena lomsebenzi ngokushesha uma isimo sesivuma.
- Ukufaka umanyolo kuyabiza kanti uma ungawufaki ngendlela kufana nokuthi ullahtu imali yakho. Ukuthatha amasampula amaqqabunga kungasiza ekutheni umlimi azi ukuthi isitshalo sinemisoco engakanani nanokuthi siyayidina yini eminye imisoco. Izimvula zingena ulahlekewa eminye yemisoco (njenge-Nitrogen), siyamkhuthaza umlimi ukuthi ahlukanise angawufaki wonke kanyekanye umanyolo.
- Kulonyaka imbewu ehloliwe enhle ngeke

- Ukhula kumele lususwe lonke ikakhulukazi emobeni ozodluliselwakwinkathi yokuhlahla elandelayo.
- Emasimini akho azodluliselwa kwinkathi ezayo hlolela isihlava nokuthi umonakalo ungakanani esiqwini ngisho noma ngabe awuhlali endaweni evamise ukuhlaselwa isihlava. Umangabe ubungako besihlava busemazingeni avumelekile endaweni nomoba ubukeka usengakhula kahle umlimi kungenzeka kudingke afuthe isibulalazinambuzane ukuze isihlava singabe sisanda siphinde sikhahlameze umoba.

- Amabhade nemincele yamasimu kumele isikwe kahle igcinwe ihlanzekile, lokhu kuzosiza ekutheni izifo, izinambuzane kanye nemililo ingazichanaseli ensimini isuka ngaphandle kwensimu.
- Amasampula amaqqabunga usungaqala ukwathaththa uwathumele esikhungweni soCwaningo loMoba ukuze uhlole imisoco isitshalo enayo wengeze ngomanyolo uma kukhona edingekayo

NgoMfumfu (October)



- Emasimini afuthwe ngezibulala-khula bheda lezoindawo ezinotshani obenabayo uzbekise kahle. Amasimu abefuthwe ngenyanga ephelile kumele ahlolwe ukuze ubone uma isibulala-khula sakho singalubulanga lonke ukhula. Ukuze ungamoshi imali nesibulala-khula futha ukhethi amabala.

NgoLwezi (November)



- Lawo masimu atshalwe uhlobo lomoba oluvamise ukuhlaselwa umabalabala (mosaic) kumele aqashelwe abhekisiswe. Izisinde/xhanti ezihlaselwe isiwumba (smut) kumele zikhishwe. Ungatshali phakathi kuka Lwezi (November) no Nholanja (February) ukuze ugweme isifiso umabalabala kulezo zindawo esiyinkinga kakhulu khona.

NgoZibandela (December)



- Abasebenzi bazobe besemaholidini kusezandleni zakho mlimi ukuthi uqinisekise ukuthi abasebenzi bahamba yonke imisebenzi okumele yeziwe sebeyenzile.
- Amasampula amaqqabunga kumele athathwe ehlobo kuze ubone ukuthi isitshala siyayithola imisoco noma kumele wengeze isikhuthazi.

ABADIDIYELI

Nathi Hlongwa, Nqobile Nxumalo, Patrick Ngcobo, Sandile Mthimkhulu, Sifiso Hlela, Sindi Nzama, Thulani Masondo & Wayne Mthembu (Umhleli)
Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September
Imibono nemibozo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: Nqobile.nxumalo@sugar.org.za

Amalungelo okugopha aqukethwe kulo mbhalo. Ayikho ingxene yalo msebenzi engaphinda yenzive nanganoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebaliwe yomshicileli. Yize yenzive yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho bolwazi olushicilewe kulo msebenzi, isiKhungo sezoCwaningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathela zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqukethwe lapha. Ukusethenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulumshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/gqugquzelu ukuthi zisetshenziswe.